

# Yini Engekho Kulezi Zithombe?

**Funda IzAga 18:10 no-26:17.** Yibe usubheka isithombe. Yini engekho? Bhala izimpendulo zakho emigqeni engezansi. Hlanganisa amachashazi ukuze isithombe siphelele bese usifaka imibala.

**1** ..................................................

**2** ..................................................




**ENINGAXOXA NGAKHO:** Ufundani kula mavesi? Ingabe ukwazi nje igama likaNkulunkulu kwanele ukuze uthole umusa wakhe? UMKHONDO: Funda IHubo 91:2; IzAga 3:5, 6. Kungani kuwukuhlakanipha ukugwema ukuzigaxa ezindabeni zabanye abantu? UMKHONDO: Funda eyabaseGalathiya 6:5-7; 1 Thesalonika 4:11; 1 Petru 4:15. Ngemva kwalokho, funda IzAga 26:18, 19. Ingabe ukwenza amahlaya ngezinto ezingokoqobo kuwumdlalo ongenangozi? UMKHONDO: Funda IzAga 14:13; 15:21; Mathewu 7:12.

**OKUNGENZIWA UMKHAYA:** Fundani ndawonye IzAga 31:10-31. Ngaphandle kokusho okuthile, ilungu lomkhaya malilingise eminye imisebenzi yowesifazane onekhono echazwe kulo mBhalo. Amanye amalungu omkhaya kufanele azame ukuqagela ukuthi yini eliyenzayo. Xoxani ngokuthi yimiphi imisebenzi eningayifunda ukuze nibe namakhono engeziwe.

Ukuze uzitholele amakhophi engeziwe esithi “Ukubukeza Komkhaya,” yiya engosini ethi **www.jw.org**

**1.** Umbhoshongo oqinile. **2.** Inja.

www.jw.org © 2011 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania